HILLCREST HIGH SCHOO

ISIZULU ULIMI LOKUQALA LOKWENGEZA (FAL)

IPHEPHA LESITHATHU (PIII)

JUNI 2018

MOTHER TONGUE

IBANGA LE-12

GRADE 12

AMAMAKI: 100

ISIKHATHI: AMAHORA AMA-2

LELI PHEPHA LINAMAKHASI AYI-6

**SEKUNGAWE MFUNDI !!!**

## IMIYALELO KWABAHLOLWAYO

1. Leli phepha lehukaniswe iziqephu EZINTATHU:

   ISIQEPHU A: Indaba (50)

   ISIQEPHU B: Imibhalo emide edlulisa umyalezo (30)

   ISIQEPHU C: Imibhalo emifushane edlulisa umyalezi (20)

2. Ohlolwayo kulindeleke ukuba aphendule umbuzo OWODWA esiqeshini A , OWODWA esiqeshini B kanye noWODWA esiqeshini C.
3. Phendula imibuzo ngesiZulu.
4. OHlolwayo makaqale umbuzo ngaMUNYE ekhasini ELISHA.
5. Bhala uhlaka ekhasini lephepha lokuphendula imibuzo, lube sekhasini lwalo lodwa.
6. Uyayalwa ukuba usebenzise isikhathi sokubhala ngale ndlela:

   ISIQEPHU A: Amaminithi angama-80

   ISIQEPHU B: Amaminithi angama-40

   ISIQEPHU C: Amaminithi angama-30

7. Ungazishintshi izinombolo zemibuzo. Zibhale njengoba zinjalo ephepheni lemibuzo.
8. Nikeza impendulo yakho isihloko esiyifanele. Amagama esihloko awabalwa, kubalwa amagama empendulo.
9. Ohlolwayo makaqaphelisise isipelingi kanye nokwakheka kwemisho.
10. Bhala ngobunono nangesandla esifundekayo.

## ISIQEPHU A

### INDABA

### UMBUZO 1

1. Khetha **ISIHLOKO ESISODWA** kulezi ezilandelayo bese ubhala ngaso kufike emagameni angama -190 kuya emagameni angama – 240.
   QAPHELA: Uhlaka kumele luvele ngaphambi kwendaba.

1.1 Bhala indaba ngalesi sihloko esithi: Isikole siyayivula ingqondo yomuntu. [50]

1.2 Liyanda izinga labafundi abangafiki ebangeni leshumi nambili. Bhala indaba yakho ezoveza izizathu obona ukuthi ziyimbangela yokungasiqedi isikole bese ubeka naloko okungaba isisombululo. [50]

1.3 Ziningi izinselelo oye uzwe kuthiwa babhekana nazo abafundi abenza unyaka wokuqala nowesibili emanyuvesi. Bhala isihloko sendaba yakho esithi: Sengikulungele Ukuya Enyuvesi. [50]

1.4 Ukusiza abantu abahlala emgwaqweni kwayishintsha impilo yami. Bhala indaba ngesihloko esithi: Izingane Ezihlala Emgwaqweni. [50]

1.5 Bhala indaba ngesaga esithi: Uzenzile Akakhalelwa. [50]

Khetha isithombe ESISODWA kulezi ezilandelayo bese ubhala indaba ngaso. Nika indaba yakho isihloko esifanele:

## ISIQEPHU B: IMIBHALO EMIDE EDLULISA IMIYALEZO

**2 Khetha isihloko ESISODWA ubhale ngaso kube ngamagama angama-80 kuya kwayi-100.**

### 2.1 Incwadi yomsebenzi

Ungumzali wengane efike eHillcrest High School izofunda ibanga lesi-8. Ingane yakho ibingumuntu ohluphayo iloku yafika esikoleni. Njalo izinkinga zayo benizixazulula noMnu. Panday. Usumkhulu umehluko umehluko endleleni ekuziphatheni kwakhe. Bhalela uMnu. Girvin INCWADI ubonge igalelo likaMnu. Panday kanye nesikole. [30]

### 2.2 Umlando ngomufi

Kushone ugogo wakho ngemuva kokugula isikhathi eside. Njengomzukulu obehlala naye, ucelwe umndeni ukuba ufunde umlando wakhe. Bhala UMLANDO NGOMUFI ozofundwa nguwe enkonzweni yomngcwabo. [30]

### 2.3 Umbiko

Kuthe ngesikhathi isikole senu sidlala neKloof High kwaba nokunganeliseki kwabadlali ngezinqumo zikanompempe nokuholele esixakaxakeni. Bhala UMBIKO ngokwenzeke kulolu suku. [30]

### 2.4 Ingxoxo/Inhlolokhono

Udadewenu/umfowenu uzomela iKwaZulu Natali emncintiswaneni ozoba seGoli emdlalweni wokulingisa. Umsakazi woKhozi ubone kufanele ambize umbuze imibuzo ethile ngalokhu. Bhala INHLOLOKHONO phakathi kwakhe nomsakazi. [30]

AMAMAKI ESIQEPHU B:30

## ISIQEPHU C: IMIBHALO EMIFISHANE EDLULISA IMIYALEZO

**3. Khetha isihloko ESISODWA ubhale ngaso kube ngamagama angama-60 kuya kwangama-80.**

**3.1 Isimemo**

Abazali bakho bazobe begubha iminyaka engamashumi amane bashada. Bacele wena ukuba ubhale ikhadi lesimemo lokumema izihlobo nabangani. Bhala IKHADI LESIMEMO. [20]

**3.2 Idayari**

Umndeni wakho ucele ukuba uhlele indawo oyithandayo enizoyivakashela ngalawa maholide kaJuni. Bhala IDAYARI echaza ukuthi nizobe nenzani ngalezi zinsuku ezinhlanu niseholidini. [20]

**3.3 Imiyalelo**

**Kwezinye izi**nsuku uma uye emsebenzini ubuya umuntu okusizayo engenzanga njengoba umyalele. Usubona kungcono uqale umkhuba wokumbhalela phansi ofuna akwenze. Bhala IMIYALELO yezinto akumele azenze ngalolu suku khona uzobona ukuthi kuyawudala yini umehluko loko. [20]

AMAMAKI ESIQEPHU C: 20
MAMAKI ESEWONKE: 100